PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

BEKA UVO LWAKHO

ISIMEMO SOKUTHI UMPHAKATHI ULETHE IZETHULO

ISICHIBIYELO SOMTHETHOSIVIVINYWA WOKUNGCOLISWA KWASOLWANDLE (UKUVIMBELA UKUNGCOLISA KWEMIKHUMBI) [B 5 – 2022]

IKomidi lesiShayamthetho SikaZwelonke elibhekele EzokuThutha limema abantu abanentshisekelo nalabo ababambe iqhaza ukuthi balethe ukuphawula kwabo okubhalwe phansi mayelana **neSichibiyelo soMthethosivivinywa WokuNgcoliswa kwasoLwandle (Ukuvimbela ukuNgcolisa kwemiKhumbi) [B 5 -2022].**

UMthethosivivinywa uhlose: • ukuchibiyela uMthetho WokuNgcoliswa kwasoLwandle (Ukuvimbela ukuNgcolisa kwemiKhumbi) we-1986, ukuze kusebenze iSijobelelo IV SesiVumelwano Samazwe Omhlaba SokuVimbela ukuNgcolisa kweMikhumbi • ukufaka Inqubo Yesivumelwano sonyaka we-1997 ukuze kusebenze iSijobelelo VI SesiVumelwano; kanye • nokuhlinzekela ngezindaba ezihlobene nalokho.

Imibuzo kanye nezethulo ezibhalwe phansi zingathunyelwa kwi-Portfolio Committee on Transport **(Zithunyelwe ku: Valerie Carelse)** nange-imeyili **ku-marinepollutionbill@parliament.gov.za** . Ngaphezulu kwezethulo ezibhalwe phansi, sicela usazise uma unesifiso sokwenza isethulo ngomlomo eKomidini.

Usuku lokugcina lokuletha kwezethulo umhla zingama-21 kuMfumfu/Okthoba wezi-2022.

Amakhophi oMthethosivivinywa angatholakala ku-Valerie Carelse kule nombolo yeselula: 083 709 8445 noma kule webhusayithi: www.parliament.gov.za.

Sikhishwe uMnu M J Zwane, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi lesiShayamthetho SikaZwelonke elibhekele EzokuThutha

Parliament – Following up on our commitments to the People – Making your future work better